ISITATIMENDE SABEZINDABA ESIHLANGANYELWE

# AMALUNGU E-SACU ASAYINDE ISIVUMELWANO SOKWAZISANA NGOKULINGANA

**Johannesburg, 31 kuNhlaba 2023 –** Abahwebi abagunyaziwe eBotswana, Eswatini, Lesotho, Namibia naseNingizimu Afrika bazohlomula ezindlekweni eziphansi sokuhweba kanye nezikhathi ezisheshayo zokungenisa nokukhipha impahla ezweni, ngenxa yeSivumelwano Sokwazisana Ngokulingana esisayindwe namuhla Amalungu amahlanu e- Southern African Customs Union (i-SACU).

Izinhloko Ekuphathweni Kwemali Engenayo eBotswana, Eswatini, Lesotho, Namibia naseNingizimu Afrika, zivumelene ngokwamukela labo abangenisa nabakhipha impahla emazweni abo abanikwe igunya njengesisebenzi esigunyaziwe kwezomnotho i-*Authorised Economic Operator* (AEO).

Abahwebi abangama-AEO esifundeni se-SACU bazohlomula ekulawulweni okuzosheshiswa kanye nasezindlekweni ezehlisiwe zokudluliswa ehhovisi elilawula impahla emngceleni.

Uhlelo lwe-*Authorised Economic Operator* (i-AEO) liwukusebenzisana okusemqoka kweHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni neBhizinisi. Luzuzisa zombili izinhlaka ngoba linika iziphathimandla zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni ithuba lokwabelana ngomthwalo walo wokuthobela nezokuphepha nemboni ezimele libe futhi liyihlomulisa ngezinzuzo ezahlukene zokuxhumanisa uhwebo.

Izinhlelo zokusebenzisana ezifana nalolu lohwebo luzokwenza kube lula ukuphathwa kwemali engenayo ngaphandle kokuzama kakhulu, ngenhloso yokuqinisekia ukuthobela ngokuzithandela okuzinzile futhi kwesikhathi eside ngezikhuthazi. Lawa ma-*Authorised Economic Operators* kumele agcine izinga eliphezulu ezinqubweni zokusebenza ngaphakathi futhi babe nelekhodi lokuthi bayayithobela imigomo, lokho kuyobe sekwenza bathole imihlomulo ethile ezokweseka lawa mabhizinisi.

Uhlelo lwe-AEO lweseka izindlela zokuthobela imigomo zamazwe omhlaba ezisebenzela ukuba kube nohlelo lokwenyusa  izinga lokuthobela ngokuzithandela. Lokhu kudinga ukuba iHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni lithembele kubahwebi abakhetha ukuthobela imigomo.

Izinhloko Zokuphathwa Kwemali Engenayo ze-SACU zizinikele “ekwenzeni konke okusemandleni ukuxhumanisa uhwebo phakathi kwezifunda ukuqinisekisa impumelelo kuSivumelwano Sokuhweba Ngokukhululeka kuZwekazi ebizwa nge-*Africa Continental Free Trade Agreement*, ukubheka nokusebenzisa wonke amathuba kanye nokuqapheqolo bakwazi ukuphendula kubo bonke ubungozi obungaba khona.

“Kusezandleni zethu njengabaholi Bokuphathwa Kwemali Engenayo be-SACU ukudlala indima esemqoka ekuncishisweni kakhulu kwesihla sobubha, ukungalingani kanye nokusweleka kwemisebenzi kubantu bethu esifundeni sethu nangaphandle kwaso.”

Abaholi be-SACU bathe bakholelwa ekusebenzisaneni ukuze basebenze nabanye ukuthuthukisa indlelakusebenza yohwebo ukweseka ukuthobela ngokuzithandela. Bengeze ngokuthi, “Njengo-SACU, sibeke uhlelo lokuthuthukisa ukuxhumanisa uhwebo.”

UKhomishana wakwaSARS, u-Edward Kieswetter, uthe “izinhlelo ze-AEO zeseka inhlososu kaSARS yokusebenzela ukuba kube nohlelo lothobela ngokuzithandela. Lokhu kudinga uSARS uncike kubakhokhintela nabahwebi abakhetha ukuthobela imigomo. Uhlelo lwe-AEO lwenza lokhu ngqo! Le *quid pro quo* yizinga lokugunyaza, ubuqotho, nokwethembana okwakhiwe Phakathi kwamaqembu okunemihlomulo ebambekayo ngendlela yokudlulisa okusheshayo kanye nezinye izindlela.”

UMnu. Kieswetter wengeze ngokuthi ukusayinda kwanamuhla kweSivumelwano Sokwazisana Ngokulingana kuzophinde kuthuthukise amathuba ohwebo kuphinde kufake isandla ekugelezeni kwempahla ngendlela engenazihibe phakathi kwamazwe e-SACU. I-MRA izophinde iqinise ukuphepha kohwebo lwezimpahla kuchungechunge lokuhlinzeka phakathi kwamazwe ngokukhuthaza ukuphathwa kobungozi obunezindlalelo eziningi nokuhlinzeka imihlomulo yokuxhumanisa kulabo abangabahwebi abagunyaziwe.

Ngenkathi kusayindwa namuhla, obekwenzeka esidlangalaleni phambi komphakathi naphambi kwabezindaba, uMnu. Kieswetter uthe iHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni kumele lenze imiyalelo yalo emibili – ukuxhumanisa uhwebo olusemthethweni libe liphoqelela imithetho yezwe.

“Lezi zinto azincintisani. Kodwa ngeke sikwazi ukukwenza sisodwa lokhu – siyanidinga njengabantu abasebenzisanayo embonini nabaholi bamabhizinisi, sidinga abaphathi beHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni – ngoba umngcele umugqa ohlukanisa amazwe amabili, kodwa izintuba zokungena zona zihlanganisa amazwe ethu.

“Kumele siqonde ukuthi umphumela womsebenzi wethu kumele uthuthukise inhlakahle nezomnotho kuwo wonke amalungu ombuso ukuze ingane yentombazane neyomfana, bonke ogogo, nawo wonke amakhaya ase-Afrika ahlomule,” kusho uMnu. Kieswetter.

UNobhala Omkhulu we-SACU, uMnu Thabo Khasipe, uthe: “Uhlelo lwe-AEO seluyaziwa yi-SACU ukuze lemi hlomulo izonwenwa iye emabhizinisini athobela imigomo nagunyaziwe, ukuze asebenze kalula emingceleni Phakathi kwamazwe angamalungu e-SACU.”

UMnu. Khasipe unxuse amabhizinisi ukuba asungule ukusebenzisana okuzobazuzisa ngokusebenzisa uhlelo lwe-AEO ukuze isifunda sizonwenwisa imihlomula yezomnotho kuzo zonke izakhamizi. Uthe, “Lolu uhlelo lwe-VIP (wabantu abasemqoka) lohwebo esifundeni olungalekelela ekuthuthukiseni isifunda”

Ngolwazi olwengeziwe xhumana ne: sarsmedia@sars.gov.za

